# Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

29/2014 Intshumayelo ngesonto elithiwa Kantate, ngomhla ka 18. 05. 2014

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 147/133

2. **Umkhuleko:** Nkosi, siyabonga, ngokuba wasambulela ihubo likaMose, neleWundlu lakho. Mawusisize ukuba sonke sifunde ukuhlabelela ihubo likaMose elithi unguNkulunkulu uMdali wezulu nomhlaba omelwe ukunikwa ubukhulu, nodumo, nenkazimulo wena wedwa, sifunde nehubo leWundlu elithi: "Lifanele iWundlu elahlatshwayo ukwamukela amandla nengcebo, nokuhlakanipha, nokunqoba, nodumo, nenkazimulo, nesibusiso. Kuyena ohlezi esihlalweni sobukhosi nakulo iWundlu makube yisibusiso, nodumo, nenkazimulo, namandla kuze kube-phakade naphakade!" Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseKolose 3:12-17;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Mathewu 11:25-30.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 1/6(2)

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Iphistola** ngohlelo lwesithupha lilotshiwe kuso isAmbulo 15:2-4, lithi: "Ngabona kungathi ulwandle lwengilazi luxubene nomlilo, nabavela ekunqobeni isilo nomfanekiso waso nesibalo segama laso bemi ngaselwandle lwengilazi, benamahabhu kaNkulunkulu. Bahlabelela igama likaMose inceku kaNkulunkulu negama leWundlu, bathi: Mikhulu, iyamangalisa imisebenzi yakho, Nkosi Nkulunkulu, Mninimandla onke; zilungile, ziqinisile izindlela zakho wena-Nkosi yezizwe; ngubani ongayikwesaba, Nkosi, adumise igama lakho, na? Ngokuba wena wedwa ungcwele, nezizwe zonke ziyakuza zikhuleke phambi kwakho, ngokuba izenzo zakho zokulunga zibonakalisiwe." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini, isonto lanamuhla lithiwa Kantate. Okusho ukuthi hlabelelani, nihube, nicule! Ngakho lokhu iphistola lanamuhla lisifundisa ukuhlabelela ihubo likaMose, neleWundlu. Ngephistola siyatshelwa ukuthi izingelosi zahlabelela lamahubo.

Onke amahubo ayehlatshelelwa nguMose angahlanganiswa ngendima ethi: "Ngiyakumemezela igama likaJehova: Mnikeni uNkulunkulu wethu ubukhulu!" UJehova unguNkulunkulu, uMdali wezulu nomhlaba. Yonke indumiso imfanele, yena yedwa. Ihubo leWundlu lona kwenzeka ukuba lihlanganiswe ngokuphinda nokuphinda njalo iqiniso lokuthi lona leliWundlu liyiWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe. IWundlu likaNkulunkulu elinguJesu linguMsindisi wabantu bezwe lonke, bezikhathi zonke, bezizwe zonke.

Ngemilando kaMose siyaqonda masinyane ukuthi kwakudingeka ukuba yena afunde ihubo lakhe ngakho okuthile okwenzekile. Kwakudingeka ukuba uNkulunkulu uqobo amfundise ihubo lakhe. UMose wazinikela ukuba ngumfundi impela. Wayeniminyaka engu-40, mhla ebulala owaseGibithe. INkosi yamkhombisa, yathi: "Angithandi ukuba umsebenzi wami uqhutshwe ngendlela enjalo. Wena Mose, uye ehlane kuqala, ufunde indlela yami khona iminyaka engu-40 ukuba uqonde ukuthi angithandi ukuhlenga isizwe sami ngendlela yakho, kodwa ngiyakusihlenga ngendlela yami." Emuva uMose wavuma, wathi: "UJehova uyakubahlulela abantu bakhe ngokubakhulumela, nokubalungisela ukulunga." UNkulunkulu akadingi uMose ukuba yena enzele isizwe sakhe ukulunga. Impindiselo nembuyiselo ingekaNkulunkulu. Yena uzophindisela, ibuyisele, kwabaseRoma 12:19; kuDuteronomi 32:35-36. Kodwa ehlane uMose omdala wayengakafi. Embhapathizweni kuyimfanelo ukuba uAdamu omdala acwiliswe, afe. Kuyinto emelwe ukwenzeka kulelo nalelokholwa ngezinsuku zonke. Kulabo abaphiwa umsebenzi wokuba ngumholi ebandleni leNkosi kuyadingeka ukuba noMose omdala abulawe ngezinsuku zonke. Endleleni yokubuyela eGibithe "uJehova wahlangana noMose, wafuna ukumbulala," kuEksodusi 4:24.

UMose omdala ungathi wayesacabanga ukuthi iNkosi isamdinga emva kweminyaka engu-40. Khona-ke iNkosi imtshelile yathi: "Akwenzeki noma ngalendlela, Mose! Ngithanda ukuba ube yinceku yami. Ngithanda ukukuthumela eGibithe, kodwa ungacabangi ukuthi ngiyakudinga. Ngizophumelela ukwenza umsebenzi wami, noma ungesekho." Nangesikhathi esinye kwakudingeka ukuba uMose akhunjuzwe leliqiniso lokuthi iNkosi ayifuni ukwenza umsebenzi wayo ngokwemicabango kaMose. Nakhona ungathi iNkosi yamtshela uMose ukuthi "makungabi ngalendlela, Mose! Angidingi owomndeni wabakwaLevi ozongena esikhundleni sabantu ukubalungisela ukubuyisana nami. Umhlatshelo wokubuyisana uzokhishwa ngowomndeni wabakwaJuda. Yena lowo owomndeni wabakwaJuda uzothwala izifo, nobuhlungu, nezijeziso zesizwe, nezezizwe zonke. UJesu uyakuba yisihlengo sezono zezizwe zonke."

Ngalendlela kwabulawa uMose omdala, wafunda ukuthi yena ngokwakhe akadingeki kangaka; wafunda ukuthi uNkulunkulu uyiNkosi yamakhosi, nguyena onguMsizi neNyanga, uMsindisi noMhlengi. UMose wafunda ukuhlabelela ihubo lakhe, njengalokhu sibala ku-Eksodusi 15:1-18; naku-Duteronomi 32:1-43, naseHubeni 90:1-17. Wavuma, wathi: "Ngomusa wakho wabahola abantu obahlengileyo; ngamandla akho wabayisa endlini yakho engcwele," Eksodusi 15:13; wathi: UJehova uNkulunkulu wathwala abakwaIserayeli ngamaphiko okhozi, wabasondeza kuye, Eksodusi 19:4. Yikho okwenzile ukuba uMose acele eNkosini nasesikhathini, mhla ekhuluma ngolaka lukaNkulunkulu nangokubhujiswa nokufa kwabantu, wathi: "Yebo, ubuhle beNkosi uNkulunkulu wethu abube-phezu kwethu, umise umsebenzi wezandla zethu phezu kwethu; yebo, umsebenzi wezandla zethu uwumise," iHubo 90:17. Nathi masithandeni ukuba ngabafundi bakaMose namuhla, sifunde ukuhlabelela ihubo lokubonga, lokudumisa, lokuphakamisa uNkulunkulu oyedwa, oyiNkosi yethu.

Sifunde ukuhlabelela nehubo leWundlu likaNkulunkulu. Lapho kuyakhulunywa ngoJesu Kristu "oyiWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe," liyilo "iWundlu elahlatshwayo, elifanele ukwamukela amandla nengcebo, nokuhlakanipha, nokunqoba, nodumo, nenkazimulo, nesibusiso," isAmbulo 5:12. Makungabi noyedwa ocabangayo ukuthi nguyena owamilisa izimila, noma ovezile izithelo, noma esisodwa kuphela ebandleni, noma ekerikeni. Kudingekile ukuba sikhuleke njalo, futhi sikhiphele umsebenzi wokuqhuba uhambo lwevangeli ezizweni zonke iminikelo. Ngenkuthalo enkulu sithanda ukusebenzisa izipho esiziphiwe emabandleni onke phakathi kwabakwaZulu, nabeTswana, namaNdiya, namaJalimane, namaNgisi, namaBhunu, nabaseMelika. Futhi sithanda ukuthokozela ngenhliziyo yonke izithelo ezivezwa yiNkosi, kodwa entokozweni yethu enjalo asithandi ukukhohlwa nanini uJesu akutshelile abafundi bakhe, mhla abafundi bakhe bebuyele kuye ngentokozo enkulu ngenxa yokuthi nawomoya ababi babebathobela ngegama layo. Khona iNkosi yabatshela, yathi: "Nokho ningathokozi ngalokhu kokuthi omoya bayanithobela, kepha thokozani ngokuthi amagama enu alotshiwe ezulwini," Luka 10:20.

Kudingekile ukuba sixwaye impela, singazibongi, singazincomi, singaziphakamisi, singazikhazimulisi. Njalo kukhona izithelo esihlahleni ezivuthwayo phambi kwesikhathi, ziyakhazimula emehlweni, ungathi: Sezivuthiwe, kodwa uma uzihlola kahle, zibolile ngaphakathi. Izithelo ezinhle zidinga isikhathi sazo ukuba zivuthwe kahle. Ekerikeni, emsebenzini weNkosi wonke usuku lokuvuna, noma isikhathi sokukha izithelo silusuku lokugcina. Ngalolusuku kuzobonakala impela ukuthi ezinhle, eziyizo, nazo ezingesizo

zingeziphi. Ekerikeni kwenzeka kaningi ukuthi uma kubikwa ngothile, kukhulunywe okuhle ngaye, umbiko lowo ungakacindezelwa, kuyaqala-ke ukwezwakala, nokubonakala ekhaya ukuthi lomuntu uphambukile, wenze okuthile okungafanele. Noma umfundisi othile uyakhuluma ukuthi ebandleni lakhe konke kuyahamba kahle, kodwa uma esuka kulelibandla, ebizelwa kwenye indawo, kuyangena omunye esikhundleni sakhe, khona-ke kuyabonakala okuningi okukhalisayo impela kulelibandla.

Alikho ibandla lekerike ngokobuLuthere elingazincoma ngokusho ukuthi kulo konke kuyahamba kahle. Noma kukhulunywa amazwi amahle emngcwabeni womfundisi othile, noma ngosuku, mhla evaleliswa, noma kukhulunywa ukuthi qha-ke, ngokwempela lomfundisi usebenzile, wafundisa kangaka ukuba abebandla lakhona bazi okudingekayo ukuba kwenziwe ukuba umsebenzi uqhubeke kahle, noma kunjalo, kudingekile impela ukuba lelibandla lithole isisebenzi sezwi esinye masinyane ukuba ibandla lithole izwi lentshumayelo namasakramente ngosuku olulandelayo. Kudingekile ukuba iNkosi uJesu Kristu ahlale aqhubeke ukwenza umsebenzi wakhe kulelibandla ngentshumayelo eyiyo yezwi lakhe, nangokusetshenziswa kwamasakramente akhe ngokwevangeli lakhe. Ngakho lokhu siyabonga isithembiso sikaJesu esithi "ivangeli lombuso wakhe liyakushunyayelwa ezweni lonke, kube ngubufakazi ezizweni zonke, andukuba kufike ukuphela," Math. 24:14. Noma sazi ukuthi embusweni kaNkulunkulu, ekuvuneni kweNkosi okukhulu inani lezisebenzi liphansi njalo, ziyingcosana izisebenzi, noma kunjalo siyazi ngokwempela ukuthi iNkosi izovuselela amadoda ezizweni zonke, ize ibuye, ngisho izisebenzi eziyakuzinikela ukuya ukwenza umsebenzi wayo, iNkosi iwabize, avele ezizweni ezahlukeneyo, azilungisele ukwenza umsebenzi wayo ngokwentando yayo ngamandla nangekhono elifanele nesikhwepha esifanele umsebenzi weNkosi. Kudingekile ukuba umsebenzi weNkosi wenziwe kahle, kulinywe kahle, kutshalwe imbewu elungileyo, kuniselwe, kuhlakulwe kahle. Isithelo, isibusiso sizophiwa yiNkosi, noma umsebenzi wenziwa ngumuntu, noma ngonsundu, noma ngomhlophe, noma ngumuntu oqhamuka ezweni elinye, noma okhulele ezweni lakithi. Kuphela kudingekile ukuba umlayezi weNkosi umenyezelwe, abantu babizelwe ekuphendukeni okuyisa ekuthethelelweni egameni likaJesu Kristu. Sithanda ukubonga iNkosi ngokusivumela ukuba sibe yizisebenzi zayo. Sithanda ukubonga iNkosi, ngokuba yayingahlanganisi ivangeli layo nemibala yezikhumba zabantu, noma nemikhuba nezindlela ezivezwa ngabantu. INkosi ihlanganisile ivangeli negama layo eliyigama loMsindisi wabantu bezizwe zonke. Ukuphenduka kumelwe ukushunyayelwa ezizweni zonke, kube ukuphenduka okuyisa ekuthethelelweni egamani layo, kube intethelelo elungiselwe bonke

ngokufa kukaJesu, nangokuvuka kwakhe. Ngalelivangeli abantu bezizwe ezahlukeneyo baholelwe ekukholweni esikhathini esidlulileyo. Nasesikhathini esizayo abantu bayakumbona uMsindisi ngentshumayelo ebongayo iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe. Makungabi noyedwa ozodinwa ukuhlabelela ihubo leWundlu likaNkulunkulu! Sonke masihlabelele ihubo lalo, kanye nelikaMose, silihlabelele kanye namakholwa onke, yebo, kanye nezingelosi ezulwini, sihlale sibonge uNkulunkulu ngokusilungisela insindiso nokuphila okuphakade ngoJesu Kristu. Amen.

9. **Umkhuleko:** "Mikhulu, iyamangalisa imisebenzi yakho, Nkosi Nkulunkulu, Mninimandla onke; zilungile, ziqinisile izindlela zakho wena-Nkosi yezizwe; ngubani ongayikwesaba, Nkosi, adumise igama lakho, na? Ngokuba wena wedwa ungcwele, nezizwe zonke ziyakuza zikhuleke phambi kwakho, ngokuba izenzo zakho zokulunga zibonakalisiwe." INkosi mayisize ukuba singadinwa ukuhlabelela lelihubo, sihlale siyibonge, siyihloniphe, siyiphakamise ngenxa yakho konke esenzelwe zona ngeNdodana yayo ethandekayo, uJesu Kristu, iNkosi, uMsindisi wethu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 158/1

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1996/2002//20082014 ngu-E. A. W. Weber

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.